# USARS UTHUTHUKISE IMIZAMO YOKUPHAZAMISA UMNOTHO ONGEKHO EMTHETHWENI, UNQUME UGWAYI KATIKI NGENKOHLAKALO NOKUNGATHOBELI NGOMTHETHO WENTELA NOKULAWULWA KWEMPAHLA EMNGCELENI

**Tshwane, 17 kuNdasa 2026 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) uyalweseka uHlelo Lokuphazamisa Umnotho Ongekho Emthethweni olumenyezelwe nguMongameli uRamaphosa ngenkathi ethula inkulumo ngesimo sezwe i-SONA. USARS uzimisele ngokuqeda lonke uhlobo lwenkohlakalo, umbimbi, nezinqubo zobugebengu zokugwema ukulawulwa kwempahla emngceleni nentela, zangaphakathi nezangaphandle. Isu lakwaSARS Lomnotho Ongekho Emthethweni libeka eqhulwini inkohlakalo nokukhwabanisa eminyangweni kahulumeni.

USARS ubulokhu uphenya izinsolo zokuthi amathimba ahlola impahla ekulawulweni kwempahla emngceleni akha umbimbi nezisebenzi ezidlulisa impahla kanye nabangenisa impahla ezweni ukuze benze inkohlakalo lapho kuhlolwa impahla ukuze bezothola ukufunjathiswa. Uhlaziyo lwezimali luhlonze ingeniso elitheliswayo elidalulwe ngaphansi kokufanele elevile ku-R45 million, okubangele ukulahlekelwa kwentela yengeniso okungaba ngu-R18 million. Ukuze kuphazanyiswe lolu hlelo, namuhlanje uSARS uphenye wabamba impahla wabuye waba nemiyalelokumisa kuzisebenzi zakwaSARS nabathintekayo ukuze kutholakale ubufakazi nezimpahla. Izinyathelo zakamuva ezithathwe nguSARS zimayelana nezisebenzi eziyisithupha ezisebenzela nezazisebenzela uSARS kanye nabakhokhintela nabahwebi abathintekayo. Abantu okukhulunywa ngabo basolwa ngokuhluleka ukuthobela imigomo yabo engokomthetho yezibophezelo zabo njengabakhokhintela, ngokubamba iqhaza ezinhlelweni zenkohlakalo ezilimaze bonke abakhokhintela nabahwebi abathembekile kanye nezilahlekisele isikhwama sombuso.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter lesi senzo sokuphoqelela umthetho sakamuva njengengxenye yemizamo yokuvikela isikhwama sombuso, ukuvikela imingcele yaseNingizimu Afrika, nokuphoqelela ukuthobela ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula. “Labo abaqoka ukweyisa lo myalelo, noma ngabe abangaphakathi noma abangaphandle kwakaSARS, benze ubugebengu kanti kumele babhekane nemiphumela yakhona” kusho uMnu. Kieswetter.

USARS uthembe izisebenzi zawo ezisebenza phambili lapho kuqoqwa khona imali eqoqwayo nokuvikela uhwebo olusemthethweni. Lo myalelo yiwo ozinzisa umbuso kanye nosizo umphakathi wethu omningi nosengcupheni othembele kulo. Lo mthwalo udinga indlela yokuziphatha engasoleki nobuqotho obungangabazeki. Ukuchezuka kule migomo kudicilela phansi umbuso kuphinde kubeke kabi igama lesikhungo. Lokhu-ke kuqeda ukwethenjwa umphakathi, kulimaza abakhokhintela nabahwebi abathembekile, kanti kuthi kungukuntshontshela abahlwempu.

USARS uphazamisa uphinde uhlakaze umnotho ongekho emthethweni, inkohlakalo ehleliwe, kanye nokukhwabanisa okuhlangene nezinqubo ekulawulweni kwempahla emngceleni nezentela. Lobu bugebengu bulimaza buphinde buketule imisebenzi eyenza umnotho ngokusemthethweni. Ukukhula komnotho, ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi, kanye nokuchuma kwabo bonke abantu baseNingizimu Afrika kusengcupheni. Izinyathelo zikaSARS zokuphoqelela umthetho kuhambisana nenhlososu yesikhungo yokwenza ukuthobela kube lula nokuthi ukungathobeli kube nzima futhi kumbe eqolo. Ukuze uHlelo Lokuphazamisa Umnotho Ongekho Emthethweni lusebenze, uSARS uzosebenzisana nomnyango wamaphoyisa i-SAPS kanye ne-NPA ukuze kuphenywe amacala obugebengu futhi ashushiswe ngempumelelo. Abantu baseNingizimu Afrika bangalindela okunye ngalokhu maduzane.

UKhomishana uKieswetter uncome amathimba abandakanyekayo ophenyweni waphinde wagcizelela ukuthi "uSARS ukhona ukuze usebenzele abantu baseNingizimu Afrika. Ziningi kakhulu izisebenzi zethu ezisebenza ngenkathalo, ngokuzinikela okukhulu nangobuqotho, zisebenza ngokobizo, okungamele imizamo yazo ingcoliswe yilezo ezimbalwa ezakha umbimbi nezigebengu". UKhomishana ugcizelele ukuthi izisebenzi ezikhohlakele ziqeda ukwethenjwa umphakathi kanti kubukela phansi umbuso. "Angeke simelane naziphi izenzo zenkohlakalo. Lona ngugwayi katiki onqunyelwe ukuba ungeqiwa, kanti asikho isikhundla ngaphakathi noma ngaphandle kukaSARS esibeka noma ubani abe ngaphezulu komthetho".

"Lapho ubufakazi buveza ubugebengu, uSARS uzohlonza uphinde ubulandelele, uphazamise uhlelo, uphinde uthole ubuyise lokhu okukweletwa esikhwameni sombuso". Uthe uSARS uzokwenza bonke labo ababandakanyeka ebugebengwini baphendule, akukhathaleki ukuba kuyinkimbinkimbi kangakanani noma kudinga isikhathi esingakanani. "KwaSARS ubuqotho abuxoxisi; buyisisekelo somyalelo wethu".

Izisebenzi eziningi zakwaSARS, abahwebi, kanye nabakhokhintela basebenza ngokuthembeka futhi bayawuthobela umthetho. Lezi zinyathelo zakamuva zokuphoqelelwa komthetho zathathelwa ukubavikela, ukugcina ukuncintisana okunobulungiswa, kanye nokuqinisekisa ukuthi imali eqoqwayo ehloselwe ukusetshenziselwa umphakathi ayidliwa ngenkohlakalo.

USARS ugqugquzela amalungu omphakathi nemboni ukuba babike izinsolo zokufumbathisa, zokukhwabanisa, noma okungahambi kahle ekulawulweni kwempahla emngceleni ngokusebenzisa imigudu esunguliwe.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za.